# IBhayibheli LaBantwana
## Likulethela

# UJakobe Isigebengu

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: M. Maillot; Lazarus

Ifanekiswe ngu: M. Kerr; Sarah S; Alastair Paterson

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

©2021 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

Wake yini na
wamuthumela
umntwana
emndenini wakho
uNkulunkulu?

Nci nci bo! Kusho ukuthi u-Isaka no Rebeka bajabula ngokuphindiwe ngoba uNkulunkulu wayezobanika amawele.

Lamawele athola ubunzima esiswini sikaRebeka ngenxa yokungahlalisani kahle.

Ngenkathi ethandaza, uNkulunkulu wamuyalela ukuthi amadodana akhe ayezohhola izizwe ezimbili ezihlukile-lona omncane uzobe ehhola omdala. Kuvamise ukuthi kube omdala ohhola omncane. Kwaze kwaba seziyazalwa.

Abafana bakhula; Amawele ayengafani nakancane.  U-Esawu, lona omdala wayenoboya obuningi emzimbeni.

u-Esawu waba yiphisi, umuntu wasendle;
uJakobe akabanga noboya waba
nesikhumba esishelelayo waba
yibeka, ehlala ematendeni.

U-Isaka wamthanda u-Esawu, ngokuba wayedla inyama yenyamazane yakhe; uRebeka wamthanda uJakobe.

Ngelinye ilanga u-Esawu elambile ekhuluma no-Jakobe, “Ake ungiphe ukudla ngidle”. “Ngithengisele ifa lobuzibulo bakho,” kusho kuphendula u-Jakobe.

Ngenxa yokuthi u-Esawu wayengenandaba nesithembiso sikaNkulunkulu asenzela izibulo. Wavuma u-Esawu. Kwaba uyena osezothola amafa mase kushona ubaba wabo futhi kube uyena insika yomuzi.


UNKulunkulu wakhuluma no-Isaka busuku bunye, “NginguNkulunkulu wababa wakho u-Abrahama, nginawe njalo. Ngizobusisa abazukulu bakho.”

Yizo noma u-Isaka wayemkhonza uNkulunkulu, indodana yakhe u-Esawu yashada amakhosikazi amabili amaHeti, abantu ababe ngenandaba noNkulunkulu.

Kwahamba isikhathi waguga u-Isaka. “Ngilethele inyama khona sengizokunika izibusiso zami,” kusho u-Isaka. Lolu kwakuwukhethelo lesibusiso sikababa kuNkosana.


U-Esawu waphuthuma eyozingela. uRebeka wayizwa inkulumo phakathi kwa-Esawu no baba wakhe. URebeke wayefuna kube u-Jakobe othola lesibusiso sokhethelo.

URebeka waqhamuka nesu. Ngenkathi ephekela u-Isaka ukudla okuyimfivilithi yakhe, watshela u-Jakobe ukuthi agqoke izingubo zika-Esawu efake nesikhumba sesilwane ezandleni nasemuqaleni khona ezofana no-Esawu. U-Isaka wayesengaboni kahle ngenxa yokuguga. Lokho kwakuzomudidisa noma kanjani.

U-Jakobe wakuletha
ukudla ku-Isaka.
“Unezwi lika Jakobe
kodwa unesikhumba
sa-Esawu,” kusho u-Isaka
ngokuxhwaya. Waqeda
ukudla bese wabusisa
lendodana eguqe
phambi kwakhe
ilethe ukudla.

Wathi ehamba uJakobe, u-Esawu wafika ku-Isaka.
“Nakhu ukudla kwakho baba,” kusho u-Esawu.
U-Isaka wayesazi ukuthi ugetshengiwe.

“Ngeke ngikwazi ukusibuyisela isibusiso,” esho ngokukhulu ukudumala. Inhliziyo ka-Esawu yagcwala inzondo. wanquma ukubulala u-Jakobe.

uRebeka wamuzwa u-Esawu ngenkathi enquma ukubulala u-Jakobe. “hamba uyohlala kamalume wakho kuze kube u-Esawu uyayikhohlwa lento oyenzile.” U-Isaka wamuvumela u-Jakobe ukuthi eyofuna unkosikazi emndenini ka Rebeka. Wahamba uJakobe ekhaya.



Ngalobo busuku u-Jakobe walala kabuhlungu endleleni ecamele ngetshe.



Mhlampe
wayenomzwangedwa,
mhlampe wayesaba,
Kodwa wayengeyedwa.
UNkulunkulu
wayekhuluma
naye ngephupho
elimnandi.

“NginguNkulunkulu wobaba bakho, u-Abrahama no-Isaka. Nginawe Njalo. Ngizokunika wona lomhlaba. Ngenxa yomndeni wakho yonke imindeni emhlabeni iyobusiseka,” UJakobe wavuka enovalo.

Umalume kaJakobe
uLabani wamamukela
ngezandla ezimhlophe.
UJakobe wayemuthanda
umzala wamalume
wakhe uRaheli.

Wasebenzela umalume wakhe iminyaka eyiskhombisa ukuze ashade noRaheli. Kodwa ngosuku lomshado uLabani wamugebenga uJakobe.

“ULeya lo ayi uRaheli,” kukhononda uJakobe, “Ungigebengile.” Waphendula uLabani wathi: “inkosazane iyona ekumele ishade kuqala. Ngisebenzele eminye iminyaka eyisikhombisa khona uzoshada noRaheli.”

Wavuma uJakobe.  Mhlampe lokho wayekwenziswa unembeza esekhumbula ukuthi naye wagebenga u-Esawu no-Isaka.

UJakobe wathola abafana abayishumi nanye. Ekudluleni kweminyaka wawukhumbula umndeni wakhe wafisa nokubuyela ekhanana. Wayefisa ukubona abazali bakhe kodwa wakhumbula no-Esawu lo owathembisa ukumbulala. Kaze kwakuphephile yini na?

Suku lunye uNkulunkulu wayaleza uJakobe ukuba abuyele ekhaya. UJakobe waqoqa konke okwakhe, umndeni kanye nemfuyo yakhe, wabheka ekhaya.

Kwaze kwa uhambo bo. U-Esawu wahlangabeza UJakobe ehamba namadoda ayamakhulu amane!



Kodwa akamulimazanga nakancane UJakobe, kunaloko wamubamba wamusondeza egcwele injabulo. UJakobe beno Esawu baphinde baba abangani futhi. UJakobe wafika kahle ekhaya ephephile.

# UJakobe Isigebengu

## Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

## Itholakala

## Genesis 25 - 33

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16